(CIB pdf formfields Demoversion)

**wagicina ezivezile uJosefa kubanewabo**
uGenesisi 45

Wabathé uyazibamba uJosefa, kwala manje; wagcina ehlulekile.

Usetshela bonke anabo ukuthi abaphume, ukuze asale nalezi zivakashi. Nebala baphuma bonke abaGibhithe ababelapho, wasala nabafowabo.

Zathululeka izinyembezi! Wampongoloza ekhala, kwezwa wonke owayeseduze: “NginguJosefa mina! Nisangibona-nje!” ... ”Unjani uBaba? Usaphila?”

Bamqhunsulela amehlo-nje abafowabo bemangele, abaphuma ngazwi.

Wabasondeza kuye, ephindelela, ethi: “Ngingumnáwenu uJosefa enathengisa ngaye kwelaseGibhite. Ningesabi, anginibambelé gqubu ngalokho. Yimisebenzi kaSmakade leyo. Nguye owangithumela ngendlela efihlekileyo kuleli laseGibhithe; wangithuma phambili,ukuze nithi niqambe nifika, ngibe senginihlahlele indlela, nganihlelela isikhundla sokufihla ikhanda. Yiso lakhe lelo lokwakha ngami isiphephelo kuleli ukuze izizukulwane zenu zigcine zikhululekile. Akunina, nguNkulunkulu owangiletha kuleli. Wangihambela phambili, wangihlelela ukuthi ngigcine sengiyiphini likaFaro, kube yimina engilawulayo emagcekeni akwakhe nengiphethe wonke umbuso wakhe lo.

“Phuthumani niyobikela uBaba, nithi: `Indodana yakho uJosefa ithi: USmakade ungethwesé amandla okuphatha wonke umbuso waseGibhithe. Ungabe usachitha sikhathi; woza neno! Woza nabantwabakho bonke, nabazukulu, nemfuyo yakho yonke, izimvu, izimbuzi nezinkomo. Ùyofike ungenise esifundeni saseGosheni, wakhe uzinze maduzane nalapho ngakhé khona. Indlala le ehlasele, ayikazukudamba; isazobé ibhokile-nje cishe iminyaka emihlanu. Ngiyonondla-ke mina ngininakekele ukuze ningalokhothi nihlupheke.´ Kwanina niyazibonela, bafowethu” kuqhubeka yena uJosefa belu. “Niyazibonela ukuthi yimi lona okhuluma nani. Usangibona-nje, Bhenjamini, mfowethu? Nimxoxele konke uBaba enikubonileyo! Nimxoxele ukuthi nginesikhundla esihle kanjani kuleli. Nimlethe, nishehe bo!”

Wasondela kumfowabo uBhenjamin, wamwola wamqamelisa esifubeni sakhe, babambana izibhodongo yinjabulo, kwehla izinyembezi. Baqala ke nabo abanewabo ukusombuluka; ùthé ubezwa base bemkhulumisa, bephendulana naye.

Wathokoza noFaro nabahlonishwa bonke ababembungile ekuzweni kwabo ukuthi uJosefa ufikelwé ngabafowabo. Wabiza uJosefa uFaro, wathi kuye>: “Tshela abafowenu babophele, baqonde eKhenani, bayolanda uyihlo nomndeni wonke, babalethe lapha. Bafike bangenise kwanomnotho amanxiwa kuleli, bazakhele ngokubona, badle basuthe. Banike izinqola ukuze uyihlo angakhandleki luhambo. Okwasendlini bangakhathazeki ngakho; bakuyeka kusale khona le. Bayofica sibalindele ngokwakwanokusho ngapha!”!

Benza njengokusho kukaFaro. UJosefa wabanika izinqola nomphako owanele. Yilowo nalowo wamembulela esihle isevatho lesi; uBhenjamini-ke yena wathola zanhlanu waze wethayiselelwa ngemali engamakhulu amathathu osheleni besiliva. Uyise wamphathisela izimbongolokazi ezilishumi zithwele zisikiza amagugu

(CIB pdf formfields Demoversion)

angaqedwa aseGibhithe neminyuzi eyishumi ilayishé impuphu nòkolweni bezinkwa nokuningi okudliwayo. Wavalelisa kubafowabo, bahamba. “Ngingezwa ke sekuthiwa senisuké naxabana lapha endleleni“, kusho yena belu eyalezisisa.

Bayikhinika-ke indaba abafowabo ekufikeni kwabo kuyise: “UJosefa uyaphila! Uyisiphathi-mandla kulo lonke iGibhithe jikelele!”

Kwakungathi akezwisisi kahle uyise; wabagqolozela engakholwa sampela.

Laze layoshona belokhu beyizekile emnandi kakhulu. Bamethulela imikhonzo. Bamkhombisa nezinqola aphathiselwé zona.

Welulama uJakobe; ubuso bakhe baqala ukukhombisa injabulo. “Nayixoxa-ke, Bafana!”, esho ebambelela ngensika, ezama ukusukuma. “Umnanami usaphila? Sengiyofa ngidelile! Asihambe, ngiyombona!”

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -